# INQUBO YOKUHLOLA UMTHELELA OZOBA KHONA KWEZEMVELO NENDAWO EZUNGEZILE

**UKWANDISWA KWENDAWO EHLONGOZWAYO YOKUCHITHWA KOMLOTHA ESITESHINI SIKAGESI SASE-HENDRINA, ESIFUNDAZWENI SASEMPUMALANGA**

**DEA Reference Number: 12/12/20/2175**

Lapha sinikeza isaziso ngokuvumelana neMithetho ye-Environmental Impact Assessment ((EIA) Ukuhlolwa Komthelela Ozoba Khona Kwezemvelo Nendawo Ezungezile) eyashicilelwa kuSomqulu kaHulumeni R543 ukuya ku-R546 wangomhla ka-2 Agasti 2010 ngokwemibandela ka-Section 24 (5) yoMthetho Kazwelonke Wokuphathwa Kwezemvelo (uMthetho No. 107 ka-1998) (NEMA) kanye noSomqulu kaHulumeni 718 kaJulayi 3 2009 ngokwemibandela ka-Section 19 Wokuphathwa Kwezemvelo Kukazwelonke: uMthetho Kadoti (uMthetho 59 ka-2008) (NEMWA); ohlongozwa ngu-Eskom Holdings wokunweba izindawo zomlotha eSiteshini Sikagesi saseHendrina eSifundazweni saseMpumalanga.

Iphrojekthi ehlongozwayo ibandakanya idlanzana leMisebenzi Esohlwini ngokuvumelana neMithetho ye-EIA ka-2010 ne-NEMWA okudingeka ukuba igunyazwe. Idlanzana lokuzokwenziwa eMisebenzini Esohlwini ehlobene nale phrojekthi iboniswe kuleli thebula elingezansi. Uma ungathanda ukuthola ikhophi ephelele yale misebenzi ehleliwe, sicela uthintane naBaxhumanisi Beqhaza Elibanjwa Ngumphakathi ngezansi.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **NEMA** | No. R. 544 | 9 | 10 | 22 |
| | No. R. 545 | 6 | 15 | |
| **NEMWA** | GN 718 - Category B | 1 | 9 | 11 |

Ngenxa yokuthi le phrojekthi ibandakanya imisebenzi evela kwi-NEMA ne-NEMWA, isicelo esihlanganyelwe sethulwa kuMnyango Wezemvelo Kazwelonke**.**

## *ISAZISO SOKUHLOLWA KOMTHELELA OZOBA KHONA KWEZEMVELO NENDAWO EZUNGEZILE NENQUBO YOKUBAMBA IQHAZA KOMPHAKATHI*

I-Lidwala Consulting Engineers (SA) (Pty) Ltd iye yakhethwa njengoMhloli Wezemvelo Nendawo Ezungezile ukuba yenze i-EIA edingekile, kanye nenqubo yokuthintana nomphakathi ehlobene nayo.

Incwadi Yolwazi Oluyisizinda (Background Information Document (BID)) iye yalungiselelwa ukuze kuhlinzekwe ngolwazi ngephrojekthi ehlongozwayo kanye nenqubo ye-EIA ezoqaliswa. I-BID iyatholakala ngokucelwa kwa-Lidwala Consulting Engineers (SA). Noma ngubani ongathanda ukubhalisa njengoMuntu Onesasasa Lokwazi/noma Othintekayo, othola ikhophi ye-BID noma othumele ukuphawula kwakhe ngephrojekthi ehlongozwayo kumelwe enze kanjalo esebenzisa imininingwane yokuxhumana ehlinzekwe ngezansi:

**uNicolene Venter noma uFrank van der Kooy**
**Lidwala SA (Pty) Ltd**
P.O. Box 4221, Northcliff, 2115
Ucingo: (011) 798 0635 or (087) 351 5145
Isikhahlamezi: (086) 686 1628
I-e-mail: hendrinaeia@lidwala.com

Lidwala